



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EMNAMBITHI MHLAKA 23 APRIL 2008**

Ngibanibingelela nonke

- ? Kuyiqiniso ngempela ukuthi izingozi zomgwaqo ziqhamuka kungazelele muntu. Yingakho sesithi izingozi izinhlekelele. Okwenzeke kule ndawo ngoLwesine olwedlule akuyona ingozi. Bekuyinto engagwemeka.

- ? Uhulumeni wethu usebenza akanzima ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba ngephephile nengcono kubantu bonke. Kodwa inselelo esibhekene nayo ngukuthi phezu kokuzibophezela kwethu, sisaqhubeka nokulahlekelwa ngabantu emigwaqeni yethu.

- ? Njengoba ngime lapha angigcwele ukudabuka kuphela kodwa nokucasuka okukhulu ngokubulawa kwabantu bakithi abangenacala.

- ? Yingakho sithi ukuze sehlise izingozi, kudingeka yonke imikhakha emphakathini wethu ibambe iqhaza ngokushesha. UMnyango wezokuThutha ukholwa kakhulu ukuthi imiphakathi yezenkolo kumele ibambe iqhaza ekusabalaliseni ivangeli lokuphepha emgwaqeni.

- ? Njengamanje sinohlelo lokuvakashela imiphakathi yamaBandla ezenkolo KwaZulu-Natal emasonweni nasemathempelini abo lapho sibakhuthaza khona ukuthi babambe iqhaza kulo mzabalazo wokulwa nezingozi.

- ? Sesadlula isikhathi lapho ukuphepha emgwaqeni kwakuthathwa njengomthwalo kahulumeni kuphela. Kudingeka siwulungise ngokushesha lo mqondo ngoba ukuphepha ngokwethu sonke. Phezu kwakho konke, lapha sikhuluma ngesipho esiyigugu esivela kuMdali – impilo yethu.

- ? Into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.

- ? Kulo nyaka sigubha iminyaka eyishumi kwaqala umkhankaso ka-**Asiphephe** owasungulwa ngo-1998. Sizoyiqinisa kakhulu imikhankaso yezokuphepha emgwaqeni unyaka wonke. Asidlali uma sithi unyaka wonke.

? Sizocalisa nangohlelo lokuthatha amaphuzu elayisensi kwabaphula umthetho kulo nyaka wezimali. Sizozidla kancane kancane izincwadi zenu zize ziphele nya.

? Sisangawenza umehluko emigwaqeni yethu uma sibambisana sizibophezele sonke kwesikwenzayo. Njengabashayeli kumele siqikelele ikakhulukazi uma siphethe izimpilo zabantu. Njengabagibeli kumele siqikelele ukuthi sihamba ngezithuthi eziphephile ezisemthetweni, singazifaki thina ezimweni zokuhlukumezeka.

? Sithanda ukukhalisana nemindeni yalaba abasishiyile asebehlonziwe:

~~✍~~ Vuyo Hlubi (2 years)

~~✍~~ Simphiwe Ndlovu (24 years)

~~✍~~ Zakhe Sithole (28 years)

~~✍~~ Luthando Dlamini (35 years)

~~✍~~ Winnie Hlubi (25 years)

~~✍~~ Thabisile Kunene (25 years)

~~✍~~ Busisiwe Mbatha (21 years)

~~✍~~ Ntombifuthi Myaka (40 years)

~~✍~~ Gcina Mbuyisa (29 years)

~~✍~~ Mantombazane Ntuli (48 years)

~~✍~~

Njengoba sakwazi kwanele ngobandlululo, namanje masihlangane ngale mizuzu yefu elimnyama silwe nokubulawa kwabantu emigwaqeni yethu.

Bekuvele kungadingekile kodwa sithi sekwanele!

Ngiyabonga.